

UkuHlolwa koMthelela weNdawo, iLayisense yokusebenzisa aManzi, iLayisense for the yokulawula aManzi ezakhiweni ezintsha zemayini ehlongozwayo



Inkomba ye-MDEDET: 17/2/3N-41
INCWADI YOLWAZI OLUYISEKELO
UNDASA KOWEZI-2011



Inhloso yencwadi

Le ncwadi ihlinzeka ulwazi oluyisisekelo ezakhiweni ezintsha zemayini oluhlongozwayo, indawo, izinto ezithintekayo kanye neminingwane ohlelweni lwendawo okudingekayo ngaphambi kokuba iqale iphrojekthi.

Inhloso yencwadi ukusiza abantu ukuba:

- Bahlonze ukuthi banayo yini intshisekelo kwiphrojekthi kanye/noma ukuthi bangathinteka yini;
- Ukubeka umbono wokuqala kanye nokufaka isandla kwiphrojekthi ehlongozwayo;
- Ukurejista njengabantu abanentshisekelo nabathintekayo abaziwa ngama-interested and affected parties (I&APs) ukuze bahlale waziswa ngamathuba ekusasa ukuze babambe iqhaza.

Ukurejistwa kwama-I&APs kanye nokulethwa kwemibono

Ungarejista njenge-I&AP kanye nokuletha imibono nganoma yingasiphi isikhathi ngesikhathi sohlelo lokuHlola uMthelela eNdaweni i-Environmental Impact Assessment (i-EIA). Imibono etholakale zingama-25 kuNhlaba kowezi-2011 iyofakwa eMbikweni wokuGcina weSikophu kanti imibono etholakale emva kwa mhla zingama-25 kuNhlaba kowezi-2011, iyofakwa eMbikweni owuHlaka we-EIA.

Uyanxuswa ukuba ulethe imibono yakho ukuqinisekisa ukuthi izindaba zakho kanye nokukhathazeka kuyabhekwa kuphinde kusetshenzwe ngendlela.

Gcwalisa uphinde uthumele ikhasi elinanyathiselwe lokuphendula, bhala incwadi, thumela ifeksi noma i-imeyili, noma ushayele ihovisi lokubamba iqhaza komphakathi.

Umsebenzi oHlola indawo

UNk. Mari Wolmarans osebenza kwi-Synergistics Environmental Services uzoba wuMsebenzi oHlola iNdawo onesibopho sabagunyazwe ukubheka indawo.

ISISEKELO

I-Anglo American ngenkampani engaphansi kwayo eyaziwa nge-Anglo American Inyosi Coal (i-AAIC) ihlongoza ukuthuthukisa imayini entsha evulekile, ezobizwa nge-New Largo Colliery, ukuthumela amalahl eSitheshini sikaGesi saseKusile esingaphansi kuka-Eskom esisakhiwa, eningizimu yomgwaqo onguthelawayeka uN4 phakathi kwe-Bronkhorstspuit kanye nase-Emalahleni (e-Witbank) eSifundazweni saseMpumalanga.

ISiteshi sikagesi i-Kusile sizoba nezingxeny eziyisithupha ezinamamegawathi angama-800 (MW) ingxenyengayinye izoba yisamba samamegawathi ayizi-4800 MW. Uma sesisebenza ngokugcwele, siyodinga mathani ayizigidi eziyi-17 amalahl ngonyaka, kuncike kwikhwalithi yamalahl. I-Anglo American ihlose ukungena esivumelwaneni sesikhathi eside no-Eskom ukuletha amalahl eSitheshini sikaGesi saseKusile.

Eminyakeni yokuqala yokusebenza, iSiteshi sikaGesi saseKusile siyosebenzisa amalahl alethwe yisithuthi samalahl esihlongozwayo ePhola-Kusile esisuka endaweni yokusebenza amalahl yasePhola kanjalo namalahl aqhamuka kwezinye izindawo. Isithuthi esihamba ngaphezulu siyiphrojekthi ezimele enokuHlolwa koMthelela weNdawo i-Environmental Impact Assessment (i-EIA) okunjengamanje isendleleni. Ukulethwa kwamalahl okwengeziwe kuyodingeka uma iSiteshi sikaGesi saseKusile sesisebenza ngokugcwele kanye nenhloso yokuthola okugciniwe endaweni yokugcina amalahl emayini entsha.

I-EIA YAPHAMBILINI KWIPHROJEKTHI EFANAYO

Uhlelo lwe-EIA lwemayini evulekile yalapho kugcinwe khona amalahl e-New Largo, okuchishe kufane nezakhiwo zemayini entsha ehlongozwayo, lwaqalwa kowezi-2006. Uhlelo lwafaka nokubamba iqhaza kwabanikazi kanye nokuthuthukiswa kombiko wezindaba zabanikazi kanye nezimpendulo zabo. Iphrojekthi yalibaziseka kowezi-2007 emva kwalokho yahlehliswa.

Kusukela izimiselo ze-EIA zashintsha kowezi-2010, isicelo esisha sokugunyaza indawo sesifakiwe, okuchaza ukuthi abanikazi baphinde baba nethuba lokubamba iqhaza ngesikhathi sohlelo oluphelele lwe-EIA. Ulwazi oluqoqwe kowezi-2006/07 luyosetshenziswa ukufakwa embikweni wesikophu esiwuhlaka. Noma yiluphi ulwazi olusha luyosetshenziswa ukufakwa embikweni wokugcina wesikophu kanye nombiko we-EIA.

INDAWO

Indawo yokugcina amalahl emayini entsha isempumalanga yesiteshi sikagesi eKusile, amakhilomitha angama-30 entshonalanga nasemalahleni, amakhilomitha ayi-100 empumalanga neGoli kanye namakhilomitha angama-20 enyakatho-mpumalanga ne-Ogies. Iningi lezindawo ezigcine amalahl ziphakathi kwemigwaqo engothelawayeka u-N4 enyakatho kanye noN12 eningizimu, bese kuthi ingxenyena encane itholakale eningizimu noN12 ngaseningizimu. Inhloso akukhona ukumba umgwaqo onguthelawayeka uN12 kodwa ukushiya indawo ephakathi nendawo yomgwaqo kanye nezinye izingqalazisinda ezihambisana ngokulingana noN12 njengepayipi lokusamafutha lakwa-Transnet.

I-AAIC njengamanje inamalungelo endaweni engamahektha ayi-12 773 kanti ifuna ukuletha isicelo selungelo lokumba eMnyangweni wokuMbiwa Phansi obizwa nge-Department of Mineral Resources (i-DMR) kuleyo ndawo. Indawo yokugcina amalahl emayini entsha (emele indawo yonke okungambiwa kuyo) isendaweni enelungelo lokumba elihlongoziwe kanti ithatha indawo engamahektha ayizi-6 817. Bheka ibalazwe ukuze uthole olunye ulwazi.

Ukuphawula kwakho kanye nokurejista njengomuntu onentshisekelo nothintekayo kubalulekile.

Inhloso ye-EIA wukuhlinzeka abasezikhundleni abathatha izinqumo ngolwazi olwanele okumele basusele kulo isinqumo sabo sokuvuma noma ukunqaba ukugunyazwa kwendawo, uma kuvunyiwe kumele kuchaze izimo zentuthuko. Ukufaka isandla okwenziwa abanesabelo kuyo yonke imikhakha yomphakathi ukuqinisekisa ukuthatha isinqumo benolwazi.

Uyamenywa ukubamba iqhaza ngokukhululekile nokuhambisa noma yikuphi ukuphawula noma ulwazi ocabanga ukuthi lungasiza ohlelweni lwe-EIA. Abantu abanentshisekelo nabathintekayo (ama-I&APs) banelungelo lokuphawula, ngokubhala phansi kukho konke okulethiwe kwabasemagunyeni (UMnyango wokuThuthukisa uMnotho, iziNdawo nezokuVakasha eMpumalanga) nokwazisa abaphethe nganoma yingaziphi izindaba umuntu akholelwa ukuthi zibalulekile ukuba zibhekwe ngokwesicelo.

KUMELE UREJISTE NJENGE-I&AP UKUZE UTHOLE EZINYE IZAZISO NGEMIHLANGANO YOMPHAKATHI KANYE NEMININGWANE YOKUBUYEKEZWA KWEMIBIKO EYINGXENYE YE-EIA KANYE NEZINHLELO ZOKUFAKA IZICelo ZELAYISENSE YOKUSEBENZISA AMANZID WATER USE LICENSE APPLICATION PROCESSES

IMISEBENZI EHLONGOZWAYO

I-New Largo Colliery ehlongozwayo iyimayini yamaladle evulekile lapho ukumba kuyokwenziwa emihumeni emide elandelayo. Umhlabathi ongaphezulu uyokwengulwa bese ubekwa izingqumbi ukuze kukwazekwe ukubuyisela indawo esimweni.

Ukubhola nokugqebhula kuyokwenziwa ukuze kuqeshulwe idwala elimumethe – idwala kanye nomhlabathi okutholalala ngaphezu kwamaladle (uqweqwe lwamaladle). Izimbamgodi ezinkulu ezihambayo ezihudula amabhakede ziyosetshenziswa ukususa isikhumba senhlabathi.

Umhubhe wokuqala okuzombiwa kuwo ubizwa ngokusikiwe kwebhokisi. Isikhumba senhlabathi esivela kule ndawo siyasuswa siyiswe ngaphandle kwendawo ekolozelwe ukuba kumbiwe kuyo okuthile ukuze isetshenziswe esikhathini esizayo ukubuyisela indawo esimweni.

Inhlabathi eyemboze okuzombiwa evela emihumeni iyabekwa ukuze ifakwe emhumeni obumbiwe ngaphambili uma sekukhishwe amaladle. Uma umhume ungasenawo amaladle, uhlelo luyaphindwa kube kwenziwa umhume omusha eduze kwalowo.

Lolu hlelo lufaka nokulungisa umhume okuzombiwa kuwo ngokususa uqweqwe lwenhlabathi nembobo okumele kufakwe kuyo iziqhumane ngaphambi kokususa inhlabathi eyemboze okuzombiwa.

Uma amaladle evele, ayogqojwa bese ehleshulwa. Amaladle ahleshuliwe eyofakwa emalolini bese eyiswa endaweni lapho ezogxotshwa khona. Emva kokuba amaladle egxotshiwe, angahanjiswa ngesithuthi eSitheshini sikagesi saseKusile noma endaweni yokusebenza amaladle, kuncike kwikwalithi yamaladle.

Ukukhulana amaladle (okwaziwa njengokuwasha amaladle) okufakwa ukugxoba amaladle abe yizingcucu ezincane bese edluliswa ohlelweni lokuwahlunga ngokucophelela olwaziwa ngele-dense medium separation (i-DMS). Lolu hlelo lusebenzisa umehluko esisindweni esikhulu (isisindo ngalowo nalowo mthwalo) phakathi kwamaladle nezinto ezingalungile njengesalifa, umlotha, idwala kanye nezinhlayiya zenhlabathi ukwehlukana amaladle nalokho okungalungile.

Okungalungile okususwa ngesikhathi kuwashwa amaladle, okwaziwa njengokulahlwayo kwamaladle, kungavutha, imfucuzo engeyinhle ngenxa yomzimba noma amakhemikhali adinga ukuphathwa ngendlela kanye nokulahlwa kwayo esikhathini eside kanye nokuphathwa.

Kunemisebenzi ezimayini ezindala zamaladle ezimaphakathi nendawo egcine amaladle, okuchaza imisebenzi ehlongozwe yimayini entsha efaka nokumbiwa phansi ezindaweni ezazinganakiwe kanjalo namaladle angakaze athintwe ezindaweni ezingakaze zithintwe wukumbiwa kwezimayini.

Amaladle angahlanziwe engxenyeni esenyakatho nendawo yokugcina amaladle kwi-Largo ayikwalithi engadingi ukukhulana. I-AAIC ihlose ukumba amaladle kuqala bese ihambisa amaladle ezindaweni zokugxoba eSitheshini sikaGesile eKusile.

Indawo yokukhulana amaladle ehlukeniswa ngendlela kanye nezindlela zokulahlala amaladle kuyophuculwa kuphela ukuze kusetshenzwe amaladle asezingeni eliphansi kanti namaladle ahlobene nokusebenza ngaphansi komhlaba ayombiwa kusukela kowezi-2025 kuya phambili. Isikhathi esingahlalwa yizakhiwo zemayini entsha kubhekeke ukuba sibe yiminyaka engama-50.

Ngaphezu kwemizi, ezinye izingqalasizinda ezikhona endaweni ehlongozwayo yokumbiwa phansi efaka nomgwaqo wesifundazwe u-R545, oxhumana nemigwaqo engothelawayeka u-N12 kanye no-N4, nolayini wokwedlulisela amandla wakwa-Eskom ongu-400kV, ohamba kusukela empumalanga uye entshonalanga unqamule endaweni okusetshenzwa kuyo kanye nenqwaba yolayini bakagesi endaweni yasemakhaya abavala indawo yonke. Ukuyobeka le

ngqalasizinda kwenye indawo kuzokwenziwa kancane kancane ngesikhathi kusekhona imayini.

Ukumba ezimayini nemisebenzi ehlobene nalokho kuyofaka nomgodi ovulekile okumbiwe kuwo, izimbamgodi, amaloli kanye namafosholo kagesi, izindawo zokugxoba amaladle, amabhande ahambayo kanye namathiphu, amaladle ambondelwe ndawonye, imigwaqo engenelelayo, imigwaqo yokuthutha ngamaloli, okokulahlala inhlabathi eyemboze okuzombiwa, amanzi ezulu kanye nezinhlelo zokulawula uhlelo lwamanzi nokulawula ukunukubezeka kwamanzi nomoya kanye nokubhalansisa amadamu, indawo yokukhulana amanzi akhishwe ezimayini ezindala ezingaphansi komhlaba kanye namanzi angcolile aqhamuka emisebenzini ehlongozwe, imigwaqo engenelelayo, imigwaqo yokuthutha ngamaloli, olayini bakagesi kanye neziteshi ezincane, amahhovisi, amawekshophu, ukushintsha izindlu, izindawo zokufaka uphethroli nodizili, izindawo zokugcina izinto, omagazini beziqhumane, njll.

Izakhiwo zemayini entsha ziyokwazi ukusebenza okungenani amathani ayizigidi eziyi-12.7 amaladle angawashiwe ngonyaka. Kucatshangwa ukuthi izimbamgodi ezimbili ziyosetshenziswa ukumba isamba esidingekayo senhlabathi eyemboze okuzombiwa.

Ngesikhathi kuqhubeka ukumba inhlabathi eyemboze okuzombiwa ithathwa iyobekwa eminkeneni yendawo osekuqediwe ukumbiwa kuyo emgodini ovulekile, ukubuyiselwa esimweni kwezindawo osekuqediwe ukumbiwa kuzo kuyobe sekuqala. Indawo iyobe isilinganiswa kanti uma sekubuyiselwe inhlabathi eyemboze okuzombiwa iyobe isigqishwa ibekwe ngendlela ukunciphisa ukushona phansi, indawo iyogugulwa iphinde ihlelwe ngendlela elawula amanzi emvula ukuze angadali ukuguguleka kwenhlabathi.

Emva kwalokhu, inhlabathi iyobuyiselwa ukuze isebenze njengento yokukhulisa izimila ukuze zibe khona endaweni okumbiwe kuyo kakhulu. I-EIA kanye ne-EMP yephrojekthi iyofaka nezinhloso zokubuyisela esimweni kanye nezindlela, kanjalo nokuthuthukiswa kwesu lokuqondisa uhlelo lokubuyisela esimweni ngesikhathi sokusebenza kwemayini.

Izithombe:

- 1) *Isibonelo sokusebenza kweloli kanye nefosholo;*
- 2) *Isibonelo yokusebenza kwezimbamgodi;*
- 3) *Ukususwa kwenhlabathi engasetshenziswa emayini ukuze ubekwe kuze kuqale ukubuyiselwa kwendawo esimweni;*
- 4) *Umshini ovulekile wokwehlisa indawo kanye nokugxoba izinto;*
- 5) *Ibhande elidlulisa izinto.*

IZINHLELO ZEZOMTHETHO WEZINDAWO

Izakhiwo zemayini entsha zidinga izinhlelo kanye nokuvuma izindawo njengoba kubalulwe ngezansi. Izinhlelo zizokwenzeka ngesikhathi esisodwa nezinhlelo ezididiyelwe ezinconywe wuhlelo lokubamba iqhaza komphakathi.

I-NEMA KANYE NEZIMISELO ZE-EIA

Izakhiwo zemayini entsha

Izakhiwo zemayini entsha ehlongozwayo kanye nengqalasizinda ehlobene nalokho okudinga ukuhlolwa kwemithetho endaweni okwaziwa ngele-Environmental Impact Assessment (i-EIA) ngokwemigomo yoMthetho yokuLawulwa kweNdawo kuZwelonke owaziwa ngele-National Environmental Management Act (No 107 yowe-1998) (i-NEMA) kanye nemitheshwana emisha ye-EIA (IMitheshwana yeZaziso zikaHulumeni i-Government Notice Regulation {i-GNR} 543 kuya ku 546, eyashicilelwa ziye-18 kuNhlalulana kowezi-2010). UMnyango wezokuthuthukiswa komnotho, iNdawo kanye nokuVakasha eMpumalanga i-The Mpumalanga Department of Economic Development, Environment and Tourism (MDEDET) yiwona owengamele le EIA.

Imisebenzi ebalulwe kwi-GNR 544, 545 kanye 546 ingena ezakhiweni ezintsha zemayini ehlongozwayo ngakho-ke kuyokwenziwa isikophu esiphelele kanye nokuhlolwa komthelela endaweni. Ifomu lesicelo lafakwa kwi-MDEDET lu-1 kuNdasas kowezi-2011 kanti selamukelwe wuMnyango nale nombolo eyinkomba 17/2/3N-41. Le misebenzi ebaluliwe iyinxenye yesicelo:

- Imisebenzi 2, 3, 4, 5, 6, 10, 15, 18 kanye 19 kusuka ku-GNR 545 Isaziso ezibaluliwe 2: Imisebenzi edinga ukugunyazwa ngokwendawo okuncike kwiSikophu kanye nasekuHlolweni kweMithelela yeNdawo.
- Imisebenzi 1, 9, 10, 11, 12, 13, 18, 22, 26, 27, 39, 40, 41, 47, 49 kanye 55 kusuka ku-GNR 544 Isaziso eSibaluliwe 1: Imisebenzi edinga ukugunyazwa ngokwendawo okuncike ekuHlolweni okuyiSisekelo.
- Imisebenzi 4 kanye 16 kusukela ku-GNR 546 Isaziso eSibaluliwe 3: Imisebenzi ezindaweni ezizwelayo ezidinga ukugunyazwa ngokwendawo okuncike ekuHlolweni okuyiSisekelo. *Kumele kuqashelwe ukuthi Isaziso eSibaluliwe 3 esibhekiswe "kumasu ezindaweni ezibucayi ezihlonzwe njengendawo enezilwane nezitshalo ezikhonjwe abagunyaziwe noma amasu ezindawo ezisezifundeni". Ukubekwa emthethweni kwamasu alezi zindawo ezinezilwane nezitshalo eMpumalanga akukaphothulwa, ngenxa yalokho, le misebenzi ifakwe esicelweni ukuze kuqedwe kanti ngesikhathi kusalindelwe ukwemukelwa kwamasu angenayo ngesikhathi sohlelo lwe-EIA ezakhiweni ezintsha zemayini.*

Ukubekwa kwenye indawo kwemigwaqo yeSifundazwe

I-EIA edingeka ukubeka kwenye indawo i-R545 neminye imigwaqo emincane esifundazweni yisicelo esiseceleni ohlelweni lwe-EIA ngenxa yokuthi umgwaqo ungena ngaphansi koMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi, imiGwaqo nezokuThutha eMpumalanga. Inhloso yokuthi le EIA iyokwenziwa ngesikhathi esifanayo ne-EIA yezakhiwo zemayini entsha. Isicelo sokugunyazwa kwezindawo siyohanjiswa kwi-MDEDET uma nje abaninindawo abathintekayo sezazisiwe.

I-MPDRA

I-AAIC njengamanje inamalungelo amakhulu embonini yamalahlle emayini entsha ngokwemigomo yoMthetho wokuThuthukisa OkuMbiwa Phansi nokusaMafutha (No 28 wowezi-2002) (i-MPDRA) futhi iletha isicelo selungelo lokumba eMnyangweni wezokuMbiwa Phansi owaziwa ngele-Department of Mineral Resources (i-DMR) endaweni efanayo (bhaka ibalazwe) ngoMbasas kowezi-2011.

Isicelo selungelo lokumba siwuhlelo oluqondile inkampani yokumbiwa phansi okumele ikhombise ngalo kwi-DMR nabanye abagunyaziwe njengoMnyango weZamanzi owaziwa ngele-Department of Water Affairs (i-DWA), oqonda ngokwanele ukuqonda zonke izingxenyane zephrojekthi yezimayini ezihlongozwayo, nokuthi ingakwazi ukuqalisa ukusebenza izindlela ezimqoka ukuvusa kanye nokuvala imali kanye nokuvala okungaba kubi endaweni. Inkampani yemayini kumele iphinde ichaze ukufaka isandla entuthukweni emile esifundeni.

Ukweseka isicelo selungelo lokumba, i-AAIC iyodinga ukuletha izincwadi ezintathu ezibalulekile:

- Izinhlelo zokusebenza ezimayini, ezichaza izingxenyane zobuchwepheshe nezezimali zokusebenza kwezimayini;
- Isu lezenhlalakahle nezemisebenzi, elichaza ukuthi izimayini zizolawula kanjani izindaba zezehlalakahle kanye nemisebenzi; kanye;
- Nohlelo lokuphatha indawo olwaziwa ngele-Environmental management programme (i-EMP), okufaka nokutholwe yi-EIA nokubeka eceleni izindlela zokusebenza zokulawula imithelela ehlonziwe yezindawo kumaphrojekthi aphakanyisiwe. Kumele kuchaze ukuthi ukusebenza kwendawo kuyokalwa uma sekuqale iphrojekthi, ngesikhathi sokusebenza nasemva kokuvalwa kwemayini ehlongozwayo.

UMTHETHO WAMANZI KAZWELONKE

Kunenqwaba yezindawo eziqondile, imizila yamanzi asebenzile nobhuku (amaxhaphozi) ezisezindaweni eziphakanyisiwe zokumbiwa phansi. Kuzo zonke izindawo zokumbiwa phansi eziphenyiwe, okungenani ezingama-9.7% ezichazwa njengamaxhaphozi zidinga ukufaka isicelo sokusebenzisa amanzi (i-IWULA) ngokwemigomo yesigaba 21 soMthetho waManzi kuZwelonke (No 36 yowe-1998) (i-NWA). Izindlela ezehlukene zokusebenzisa amanzi ngesikhathi sokwakha kanye nokusebenza kwemayini okudinga ilayisense. Uhlu oluphelele lokusetshenziswa kwamanzi luyohlonzwa ngezikhathi ezingasekuqaleni zesigaba se-EIA.

I-NEM:WA

Imfucuzas yase mayini kanye nemfucuzas engene ngephutha emayini, njengoba kuchazwe eMthethweni weZindawo kuZwelonke: iMfucuzas owaziwa ngele-National Environmental Management: Waste Act (No 59 yowezi-2008) (i-NEM:WA), okungavamisile ukudinga ilayisense yokulawula imfucuzas okwaziwa ngele-waste management license (i-WML). Ukuxhumana nabasemagunyeni abaqondene bazoqinisekisa ukusebenza kwe-NEM:WA nokuthi ilayisense yokulawula imfucuzas izodingeka yini kule phrojekthi yezimayini.

IZINHLELO ZENDAWO

Ukubamba iqhaza komphakathi ngezikhathi zophenyo lwezindawo (i-EIA, isicelo esididiyelwe samanzi nelayisense yemfucuzas kanye nezicelo zelayisense yokulawulwa kwemfucuzas) okuzokwenza abanentshisekelo kanye nabathintekile (ama-I&APs) bafake isandla ngesikhathi sophenyo kanye nokubuyekeza kanye nokuphawula ngokutholakele ophenyweni. Osebenza ukuhlola izindawo (iSinejistiksi) kanye nochwepheshe okuxhunyanwa nabo (i-Zitholele) bayothintana ngokuqondile nama-I&APs izikhawu ezehlukene ngesikhathi sezifundo ngezindawo ukuze bahlale benolwazi ngenqubeko ekufundeni kanye nezikhathi zamathuba akhona.

I-EIA yenziwa ngezigaba, njengoba kubekwe ngezansi.

Isigaba sesikophu

Isigaba sokuqala se-EIA yisigaba sesikophu, esenziwa ukuthola ukuqonda izindaba okungaba ezendawo ezingena kwiphrojekthi, nokuhlonza ukuthi lukhona yini ulwazi oludingekayo, kwisikophu semisebenzi ekhethekile kanye nophenyo oludingekayo.

Imisebenzi engena esigabeni sesikophu ifaka:

- Ukwazisa abaninimhlaba nabantu abaphethe izakhiwo ezithintekayo ngezincwadi ezirejistiwe. (*Kuqedliwe*)
- Ukulethwa kwamafomu okufaka isicelo kwi-MDEDET. (*Kuqedliwe*)
- Ukwemukelwa kwamafomu okufaka isicelo yi-MDEDET. (*Kuqedliwe*)
- Ukuxhumana nabagunyaziwe ngezinhlelo ezehlukene ngezindawo ukuvumelana ngezinhlelo kanye nezidingo zokufunda.
- Ukwaziswa kwama-I&APs endaweni yephrojekthi (izincwadi, ama-imeyili, izikhangiso emaphephandabeni akhethiwe asekhaya nawezifunda nasezazisweni zalapho kusetshenzelwa khona).
- Imihlangano yabanikazi ukuze kumenyezwe iphrojekthi.
- Ukusatshalaliswa kwencwadi yolwazi oluyisisekelo kanye nesimemo sokufaka isandla ohlelweni lwe-EIA.
- Ukufaka isicelo sokuxolelwa okuyinxenye yemithetho ethile yezimiselo ze-EIA (i-AAIC isivele iqalise izifundo eziyisisekelo ezikhethekile kanti ifuna ukusebenzisa imiphumela yalezi zifundo, ezingadinga ukubekwa eceleni kancane kwesicelo).
- Ukuhlanganiswa kombiko wesikophu esiwuhlaka.
- Ukubuyekezwa kombiko wesikophu esiwuhlaka kanye nemibiko yababambiqhaza ukuthola ukuphawula ngombiko wesikophu esiwuhlaka.
- Ukuhlanganiswa kombiko wokugcina wesikophu.

- Ukubuyezwa wombiko wokugcina wesikophu.
- Ukuhanjiswa kombiko wokugcina wesikophu kwi-MDEDET, DMR kanye ne-DWA, ofaka zonke izindaba ezaphakanyiswa nokumele zibhekwe ngesikhathi seSigaba sokuHlola uMthelela.

Isigaba sokuHlola uMthelela

Isigaba sesibili se-EIA sigcwele iSigaba sokuHlola uMthelela, esizofaka:

- Ukuqhubeka nezifundo eziqondene nokuthile ezigxile emiphumeleni yesigaba sesikophu kanye nezindaba eziphakanyiswe ababambe iqhaza.
- Ukuhlanganiswa kohlaka lombiko we-EIA oveza ukubaluleka kwemithlela emihle nemibi kanye nezindlela eziqhubekisela phambili imithelela emihle, nezinciphisa noma ezigwema imithelela emibi.
- Ukuhlanganiswa kohlaka lombiko we-EMP, okunanyathiselwe embikweni owuhlaka we-EIA.
- Ukuhlanganiswa kwezincwadi eziwuhlaka zokufaka isicelo selayisense yokusebenzisa amanzi kanye nezinhlelo ezididiyelwe zamanzi.
- Ukubuyezwa kwemibiko ewuhlaka kanye nemihlangano yababambiqhaza ukuthola imibono yabo emibikweni ewuhlaka.
- Imihlangano yababambiqhaza endaweni yephrojekthi ukwethula okutholakele kwi-EIA kanye nokuphawula kwababambiqhaza.
- Ukuhlanganiswa kwemibiko yokugcina ye-EIA kanye ne-EMP.
- Ukubuyezwa kwemibiko yokugcina.
- Ukulethwa kwemibiko ye-EIA kanye ne-EMP kwi-MDEDET kanye ne-DMR.
- Ukulethwa kwezincwadi zokugcina selayisense yokusebenzisa amanzi kanye nesu lokudidiyela amanzi kanye nokuphathwa kwamanzi kwa-DWA. Imibiko yokugcina ye-EIA kanye ne-EMP iyonanyathiselwa kokuyolethwa kwa-DWA.
- Ukubuyezwa kokuphatha kanye nesinqumo sokuletha noma iphrojekthi.

Isigaba sokwedlulisela udaba

Uma abaphethe (i-MDEDET, i-DWA kanye ne-DMR) benquma ukugunyaza ukusetshenzwa kwephrojekthi, ababambiqhaza bayokwaziswa ngesinqumo kanjalo nethuba lokwedlulisela isinqumo ezinsukwini eziyi-12 emva kokugunyazwa. Ukwedlulisela udaba kumele kwenziwe ezinsukwini ezingama-30 zokugunyazwa. Umfakisicelo unelungelo lokwedlulisela udaba uma abaphethe bengagunyazi ukuba iphrojekthi iqhubeke.

Abaphethe abanesibopho

- Ophethe owaziyo umsebenzi wakhe onesibopho sokusetshenzwa kwesicelo sokugunyazwa kwendawo, yi-MDEDET.
- I-DWA izobuyezwa iphinde ilawule ukufakwa kwesicelo seLayisense yokuSebenzisa aManzi.
- I-DMR izobheka uhlelo lokufaka isicelo samalungelo okumbiwa phansi, okufaka nokubuyezwa kanye nokuvunywa kwe-EIA kanye ne-EMP okulethwa emnyangweni kuzokweseka isicelo samalungelo okumbiwa phansi.
- Uma kudingeka ilayisense yokulawula udoti, uhlelo luyobhekwa wuMnyango weZindaba zeZindawo owaziwa ngele-Department of Environmental Affairs (i-DEA) uma kwenzeka ukuthi ufaka imfucuza enobungozi kanye ne-MDEDET ngesicelo esingafaki izinto ezinobungozi.

Izikhathi ezibalulekile zephrojekthi

Izifundo zezendawo ezenziwa phambilini

Kowezi-2006 kuya kowezi-2007

- Uhlelo lokubamba iqhaza komphakathi (isiqubo Sokuqala nesesibili).
- Izinhlaka zezindaba zababambiqhaza kanye nombiko wokuphendula.
- Izifundo eziphelele eziyisisekelo zezendawo.
- Umbiko wesikophu esiwuhlaka.

Kowezi-2010 kuya ekuqaleni kowezi-2011

- Amasaveyi omumo wezindawo ngzikhathi ezithile zonyaka.
- Ukagada ikhwalithi yamanzi (amanzi angaphezulu namanzi angaphansi komhlabathi).

Izifundo zamanje zezendawo

KuNhlolanja kowezi-2011 kuya kuNtulikazi kowezi-2011

- Ukuhlola isikophu.
- Ukubuyezwa kombiko wokugcina wesikophu ababambiqhaza.

KuNhlolanja kowezi-2011 kuya kuNcwaba kowezi-2011

- Izifundo zobuchwepheshe eziqhubekayo ukwazia i-EIA.

KuNcwaba kowezi-2011 kuya kuNhlolanja kowezi-2012

- Ukuhlola umthelela endaweni kanye nohlelo lokuphatha indawo.
- Isicelo selayisense yokusebenzisa amanzi kanye nesu lamanzi adidiyelwe nokuphathwa kwamanzi.
- Ukubuyezwa kwababamqhaza bemibiko yesizinhlaka kanye neyokugcina.

KuNdasas kowezi-2012 kuya kuMfumfu kowezi-2012

- Isinqumo se-DMR nge-EIA kanye ne-EMP esalethwa ngokwemigomo ye-MPRDA.
- Isinqumo se-MDEDET nge-EIA kanye ne-EMP salethwa ngokwemigomo ye-NEMA.
- Isinqumo se-DWA mayelana nelayisense edidiyelwe yokusetshenziswa kwamanzi kanye nesu lokuphatha amanzi esilethwe ngokwemigomo yoMthetho waManzi kaZwelonke.
- Isinqumo selayisense yokuphathwa kwamanzi abaphethe (i-DEA ngelayisense efaka imfucuza enobungozi, kanye ne-MDEDET uma ilayisense ingafaki imfucuza enobungozi).

Ukwakha nokusebenza

Uma ukugunyazwa kwephrojekthi kuvunywa yi-MDEDET, i-DWA kanye ne-DMR, i-AAIC ihlose ukuqala ukwakha ngoLwezi kowezi-2012. Imisebenzi yokumbiwa phansi izokwenyuka phakathi kowezi-2015 kanye nowezi-2017. Ukusebenza ngokugcwele kuyotholakala ngowezi-2025 uma kuqalisa ukusebenza kwezizinda zokusebenzela njenge-dense medium separation (i-DMS).

Sithinte

Environmental Assessment Practitioners
Imibuzo emayelana nezoBuchwepheshe ne-EIA
Mari Wolmarans / Marlaine Medallie
New Largo EIA
PO Box 1822, Rivonia, 2128
Ucingo: 011 807 8225
Ifeksi: 086 562 0165
I-imeyli: mari@synergistics.co.za
marlaine@synergistics.co.za

IHhovisi lokuBamba iqhaza koMphakathi

Anelle Lötter / Patiswa Mnqokoyi
New Largo Public Participation
PO Box 6002, Halfway House, 1685
Ucingo: 011 207 2076 / 2074
Ifeksi: 086 676 9950
I-imeyli: alotter@zitholele.co.za
patiswam@zitholele.co.za